# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngesonto elithiwa Estomihi, ngomhla ka 10. 02. 2013    13/2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 84/74

2. **Umkhuleko:** Nkosi Kristu, siyakhala ngobuthakathaka bethu. Ngokwethu asikwazi ukuqonda indlela yakho yokuya ekuhlushweni nasekufeni. Kanjalo-ke siyacela kuwe, sithi: Mawuvule amehlo ethu, ukuba siyiqonde, usiphe namandla okukuphelekezela endleleni yakho nakulomnyaka kulamaviki esikhathi seNzilo. Samukele izwi lakho lisambulela isidingo sokuthi kwakudingekile ukuba wena ukungena ekuhlushweni nasekufeni ukuba thina sihlengwe ekufeni okuphakade ngokukholwa nguwe, Nkosi ethandekayo, Msindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 13:1-13;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 8:31-38.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 98/90

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lweshlanu lilotshiwe kuLuka 18:31-43, lithi: "Wayesebasondeza kuye abayishumi namabili, uJesu wathi kubo: Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; konke okulotshwé ngabaprofethi ngeNdodana yomuntu kuyakugcwaliseka. Ngokuba izakukhashelwa kwabezizwe, iklolodelwe, idunyazwe, ikhafulelwe ngamathe, bayishaye, bayibulale; kepha ngosuku lwesithathu izakuvuka. Kepha bona kabaqondanga-lutho lwalokho; lelozwi lalifihlakele kubo, abakuqondanga obekushiwo. Kwathi esesondela eJeriko, impumputhe ethile yayihlezi ngasendleleni inxiba. Isizwa isixuku sidlula, yabuza ukuthi: Kuyini lokhu? Base beyitshela ukuthi: Kudlula uJesu waseNazaretha. Yayisimemeza ithi: Jesu, Ndodana kaDavide, ngihawukele! Ababehamba phambili bayikhuza ukuba ithule; kepha kwayikhona imemeza kakhulu yona, ithi: Ndodana kaDavide, ngihawukele! Wema-ke uJesu, wayala ukuba ilethwe kuye. Isisondele, wayibuza wathi: Ufuna ukuba ngikwenzeleni na? Yathi: Nkosi, ukuba ngibone. UJesu wathi kuyo: Bona! Ukukholwa kwakho kukusindisile. Yayisibona khona-lapho, yamlandela imdumisa uNkulunkulu; nabantu bonke bekubona bamnika uNkulunkulu indumiso." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, kuhle ukuzwa ekuqaleni kwesikhathi seNzilo umlando wevangeli esizwa ngawo ukuthi uJesu wayevula amehlo empuphuthe. Impela kuyadingeka ukuba uJesu avule amehlo ethu ukuba sibone kahle okwenzekayo endleleni yakhe eya ekuhlushweni kwakhe okukhulu, nasekufeni kwakhe. Kuyadineka ngokwempela. Siyezwa ngevangeli leli eliyizwi lentshumayelo yanamuhla ukuthi nabafundi bakaJesu ababehamba naye iminyaka ethile, mhla ekhuluma ngokuhlushwa nokufa kwakhe babengaqondi lutho, izwi lithi: “Kepha bona kabaqondanga-lutho lwalokho; lelozwi lalifihlakele kubo, abakuqondana obekushiwo.” Lamazwi ayaqinisa esikufundile ngeKhatekisimu ngencazo yohlamvu lwesithathu lwesivumo senkolo, ethi: “Ngiyakholwa ukuthi ngingekholwe, ngingefike kJesu Kristu iNkosi yami ngokuqonda kwami nangamandla ami.” Leliqiniso siyalikhumbula ngokuba izwi likhanya kahle ngodaba olukhuluma ngokwemukelwa nokuzalwa onina bethu siyizoni, sinyanyathelwa isono semvelo. Nokho kuyamanglisa ukuzwa ukuthi abafundi bakaJesu ababehamba naye iminyaka ethile abaqondanga-lutho lwakho okwakhulunywa nguye ngokuphawula ukuthi: “Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; konke okulotshwé ngabaprofethi ngeNdodana yomuntu kuyakugcwaliseka. Ngokuba izakukhashelwa kwabezizwe, iklolodelwe, idunyazwe, ikhafulelwe ngamathe, bayishaye, bayibulale.” Nasendaweni enye kulotshiwe ukuthi mhla uJesu ekhulumile ngokuphakanyiswa kwakhe wafanekisa “ukufa okumfanele afe ngakho.” Ababehamba naye babesho, bathi: “Sizwile emthethweni ukuthi uKristu uyakuma phakade; usho kanjani wena ukuthi iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa na? Ingubani leNdodana yomuntu na? (Joh. 12:34).

Kuyabonakala ukuthi babengaqondi, ukuthi uJesu ukhulumile ngayiphi iNdodana yomuntu. Ngamazwi aziwe kakhulu kubo abaJuda babezwa ngeNdodana yomuntu okwabuzwa ngayo ukuthi iyini ukuba uYise ayikhumbule, ayinake, kakhulu ngokuzwa ukuthi iyakuqheliswa ngenkazimulo nangobukhosi, njengalokhu kulotshiwe ngayo eHutsheni lesishiyagalombili. NakuDaniyeli (7:13-14) kuyakhulunywa ngeNdodana yomuntu ukuthi: “Ngabona emibonweni ebusuku; bheka, kwafika namafua ezulu onjengeNdodana yomuntu; yafika komdala wezinsuku, yasondezwa phambi kwakhe, yanikwa ukubusa, nobukhosi, nombuso, ukuze bonke abantu, nezizwe, nezilimi bayikhonze; ukubusa kwayo kungukubusa okuphakade okungayikudlula, nambuso wayo yiwo ongayikuchithwa.” Ngokukhumbula iNdodana yomuntu eyaziwe ngalawomazwi kuyaqondakala ukuthi abafundi babengaqondi ukuthi kwenziwani ukuba uJesu akhulume ngokuhlushwa nangokufa kwakhe, kakhulu sebembonile enza izimangaliso eziningi kangaka ngokusiza iziguli, nangokubaphulukisa, sebezwile ukuthi uyiNdodana yomuntu enamandla ukuguqula usuku lwaSabata, enamandla okuthethelela izono emhlabeni. Babengakwazi ukuqonda ngenxa yengqondo yabo ephuphuthekisiwe ngesono semvelo. Inkinga

iyanqotshwa nguJesu, ngokuba kulendawo uJesu uyasiza abafundi bakhe ukuba bangabuki uhlongothi olulodwa kuphela olutholakala ezincwadini yabaprofethi, bangakhumbuli okulotshiwe ngenkazimulo yakhe othenjisiweyo, kodwa amehlo abo aqondiswe nakukho okuthenjisiwe ngothenjisiweyo maqondana nokuhlushwa nokufa kwakhe. Ngokufushane sithi: kuyabonakala ukuthi uJesu wahlanganisa amazwi alotshiwe ngeNceku kaNkulunkulu kumprofethi uIsaya, aphawula ukuhlushwa kwakhe obethenjisiweyo, nokudelelwa kwakhe. KuIsaya kuyakhulunwa ngeNceku kaNkulunkulu enikayo abayishayayo umhlane, nezihlathi sazo kubo abahluthula isilevu, engabusithelisayo ubuso bayo ekuhlazisweni nasekufelwani amathe. (Isaya 50:6), nokuthi: LeNceku kaNkulunkulu yayingenasimo nabuhle ukuba abanu bayibuke, yayingabukeki ukuba abantu bayifune, yadelelwa, yashiywa ngabantu, yayingumuntu wobuhlungu owazi ukugula; yeyiswa injengosithezelwa ubuso ngabantu, yayingashaywa-nto yalutho, yathwala izifo zabantu, yabetshatha ubuhlungu, yajeziswa, yashaywe nguNkulunkulu, yahlushwa, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zabantu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sasiphezu kwayo (Isaya 53:2-5).

Masiyibongeni iNkosi yethu evulile amehlo ethu abona izinhlangothi zonke okukhulunywa kuzo: Ngenkazimulo yeNdodana yomuntu, nangokuhlusha nokufa kweNceku kaNkulunkulu, ukuba siqonde ukuthi kungoyedwa. INdodana yomuntu ethenjisiweyo ukuthi inguMbusi wenkazimulo neNceku kaNkulunkulu ethenjisiweayo ukuthi ingohlushwayo, ingothwalayo izono nezifo zabantu bonke, lezimbili zingoyedwa uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Masimphelekzele kulamaviki aphambi kwethu ngokwazi ukuthi konke ahlushwa ngakho wakuhlushelwa thina. Wanikelwa ezandleni zabazizwe ukuba abethelwe esiphambanweni ngenxa yezono zethu, waklolodelwa, wabulawa ngenxa yethu ukuba thina singanikelwe ekulahlelweni esihogweni, singaklolodelwa ekwahlulelweni kokugcina, singabhujiswa kodwa silungiselwe intethelelo yezono. Kodwa nakulamaviki asiyikubulawa usizi lokuzwela ubuhlungu ngokungafanele njengabafundi, mhla uJesu ebebethelwe esiphambanweni, nokufela khona, nokungcwatshwa. Kanti sseizwile nesithembiso sakhe esithi: ngosuku lwesithathu izakuvuka. Okusho ukuthi ukukhanya kokuvuka kwakhe sekuyasikhanyisela nobuhlungu bokuzwa ngokuhlushwa nangokufa kukaJesu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga ngokuba usisizile namuhla njengalokhu usizile abafundi bakho, mhla bedabukile kabi endleleni yokuya eEmawuse, kodwa wena wabavulela imiBhalo, Mawusisize ukuba sikhumbule njalo ukuthi wavula ingqondo yabafundi bakho usuvukile ukuba baqonde imiBhalo, ukuba samukele ngokubonga nangokukholwa esikulondozelwe yibo ngokuqhutshwe nguMoya oNgcwele ezincwadini zabo, siphenduke, sikholwe ukuthi wasilungisela insindiso ephakade ngokuhlushwa, ngokufa, ngokuvuka kwakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10.	Iculo 85/75

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.